

## uNtabayezulu [1918-1990]



UBaba noMama (**uMkhulunyelwa kaSomcuba noKaSiyaya wakwaKhumalo kwaBayeni kwelaseMahlabathini** [**uJonathan Khumalo, 1918-1990**], noMaZungu kaMagqugumela noKaMhlungu wakwaBambelentulo eBaQulusini [**uCatherine Ndindi Khumalo, 1922-2001**]) bagoné umzukulu wabo, **uThobekile** [**\*1967**], bephahlwé ngamadodana abo, oMbuso [1957-1997] noAzie [1941-2022]; phambi kwabo kuhleli amadodakazi abo, oNomusa [1962-2006] noMamile [1944-1995] noThoko [**\*1959**]; emva kwabo kumi uMama uKaSthole uMkaSamsoni kaSomcuba noKaSiyaya wakwaKhumalo kwaBayeni kwelaseMahlabathini, uRozi wakwaKhumalo, indodana yabo (oBaba noMama) uRichard [**\*1942**] nomakoti uMaNgcobo [**\*1944**] (unina kaThobi), nendodana yabo (oBaba noMama) uSizwe [1954-1994], kugcine uMlili [**\*1944**] (indodakazi yoKaSthole noSamsoni baseMahlabathini); emgqeni wokugcina kumi uMamkhulu uElikha uBahlanganisile kaMagqugumela noKaMhlungu wakwaBambelentulo eBaQulusini [1908-1974] noJona [1942-2009] (indodana yoKaSthole noSamsoni baseMahlabathini) namadodana abo (oBaba noMama),

*oBheni [\*1950] noBongani [1952-2020] – mhla ka-18.01.1968, kuthakaselwa ukushada kukaMaNgcobo noRichard [17.06.1967].*

## 2023

**UNtabayezulu ozala thina**, uMkhulunyelwa kaSomcuba noKaSiyaya wakwaKhumalo kwelaseMahlabatini [uJonathan Khumalo, 1918-1990], **ubezobe ehlanganisa owekhulu nesihlanu** (\*105) nonyaka [2023].

*Siyahalalisa sithi:*

**Donda!**

Wen' owadl' izimf' ezimbili;  
*ikhambi laphuma lilinye!*

**Mashobana!**

Simkhumbula ikakhulukazi:

- sisebancane, simjabulela efika ebuya emsebenzini kwaLoliwe, esiphathele ‘amafelamlonyeni’ nezibiliboco nomemukelo; kokunye afike esiphathele unogwaja asizingelele wona noma yinyoni asishayele yona endleleni noma amakhowe asiqhibulele wona, ***sidle!***
- ethathé ilivu [1957], wayosixolisela eskoleni, wasithatha sonke ngesitimela wayosivakashisa eThekwini, sabona ulwandle namagagasi, sayodla sazidelisa eMatsheni, sagibela orisha, wasithengela okokwembatha nezicathulo, ***sabuya singawuhlanganisi umlomo*** ngobuhle nobumnandi!
- esincokolisa, esifundisa, esixwayisa, eseluleka, esiyala, esithethisa, ...
- ***ezikhathini ezazingelula***, sesachithwa [emanxiweni akwethu kwaBhanya](#), sayoquba eMathendeni, sedlulela eLokshini, sedlulela eMondlo ...
- [\*\*\*evakashelé abantwabakhe nabazukulu eSoweto ...\*\*\*](#)
- evakashelé abantwabakhe nabazukulu **eJalimane** [\*\*nokubhabhadiswa kwakhe khona\*\*](#) [1986] ...
- [\*\*\*esesihambelé phambili ...\*\*\*](#)



izimbadada zikaNtabayezulu asishiyela zona eJalimane [1986]

Sizoqhubeka sinikana ithuba sidedelana, sikhumbuzane ngezikathi zasebunganeni nasekukhuleni kwethu, sixoxelane ngokuningi kanye nangamahlaya esakhula sincokolisana ngawo thina bozalo nabomndeni kaNtabayezulu – sikulobe phansi, sikulondoloze.



Inzalo yethu neminden yayo isingakhuthazeka-ke lapho ukuthi iqhubekе iziphathe ngokuzihlonipa nokwazisana nokubonelelana, ***ihamba ezinyathelweni zikaBaba*** – umkhulu, ukhokho wabo.

Yithi

[\*Izelamani zikaMkhulunyekwa noMaZungu bakwaKhumalo eBaQulusini\*](#) [2023]